**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isifundo sokuqondisisa. | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa. | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi. | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngazo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ukuhlukanisa isikhahi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50. |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20. |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-50. |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### IZINGANE EZIHLALA EZITALADINI

Izingane ezihlala ezitaladini (street kids) ziyinkinga yethu sonke. Emadolobheni lezi zingane ziningi kakhulu futhi zibonakala noma kuphi zigqoke izingubo ezingcolile. Lezi zingane zibizwa ngezingane zasesitaladini ngoba zihlala khona futhi ziphinde zihlale nasezindaweni zokupaka izimoto. Isimo sezulu yisona esishoyo ukuthi zingalala kuphi. Uma uzibuka ungacabanga ukuthi ukubanda kosimende azikuzwa ngesikhathi sasebusika njengoba uzithola zilele phansi. Uma wedlula zilele ungacabanga ukuthi sezifile kanti zidla obudala ubuthongo lobu. Okumangalisayo ukuthi manje sekukhona nezamantombazane nazo esezihlala ezitaladini.

Ezinye uzibona zigqoke amapulastiki zibuye ziphathe amabhodlelana amapulastiki ahlala njalo esemlonyeni okwengane incela idamu. Kula mabhodlela amapulastiki kusuke kukhona i-glue. Zibhema yona phela, ungaze ucabange ukuthi iwukudla kwazo kwansuku zonke. Zikhona nezinye izidakamizwa ezizibhemayo. Phela kulezi zingane akulula ukuthola ukudla. Abantu abaningi abazizweli ngoba abazi ukuthi zixoshwa yini emakhaya azo. Ezinye zazo zibuye zibe nokuganga ezikwenza kulabo abahamba ngezimoto nalaba abahamba ngezinyawo emgwaqeni.

Kukhona abacabanga ukuthi ukuhlala kwalezi zingane emgwaqeni kwenziwa ubandlululo olwalukhona kuleli zwe, udlame emalokishini ethu, ukungaziphathi kahle kwabantu emphakathini kanye nokwehlukana kwemindeni. Akwaziwa-ke ukuthi yikuphi okuyiqiniso njengoba isibalo sezingane ezingondingasithebeni sikhula ngokukhulu ukushesha okunje. Amanye amadolobha azama ukulungisa lesi simo ngokuba abe nezindawo lapho kugcinwa khona lezi zingane. Eziningi zalezi zingane yilezo ezineminyaka ephakathi kweyi-12 kuya kweyi-16. Kubakhona nezinye ezineminyaka engaphansi kweyi-12. Kuthiwa izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-12 ziyayilalela imithetho neziyalo kulezi zindawo ezigcinwa kuzo, kodwa lezo ezineminyaka engaphezu kwalokhu **ziyishaya indiva** imithetho futhi azihloniphi. Kufanele kube ngumsebenzi kaHulumeni ukulungisa le nkinga kodwa nomphakathi kufanele kube khona okwenzayo.

UMnyango WezeMpilo ukhathazekile kakhulu ngale nkinga. Wona lo mnyango ubiza imihlangano, umeme nezinhlangano ezizimele ukuba kuzanywe izinhlelo ukuba kulungiswe le nkinga. Olunye uhlelo olungasiza ekulungiseni le nkinga ukufundisa lezi zingane imisebenzi yamakhono ukuze zithole umsebenzi kalula. Elinye isu ukuba kwakhiwe izindawo lapho zizohlala khona ukuze zifundiswe njengezinye izingane. Olunye uhlelo ukuba kutholakale amakhaya azo. Okungaba inkinga ukuthi ezinye zazo azinawo amakhaya. Ukufuna abazali bazo kungaba inkinga ngoba aziwazi amakheli azo. Kuthi noma sezitholeliwe amakhaya lezo ezibe nenhlanhla,  zibuye zobaleke zibuyele khona esitaladini.

UMnyango wezeNhlalakahle uzama ukwenza izinhlelo (programmes) zokuthuthukisa amakhono alezi zingane ezihlala emgwaqeni. Lo Mnyango ufuna ukufundisa lezi zingane amathalente kwezemidlalo kanye nomculo.

Minyaka yonke lo Mnyango wenza umncintiswano (competition) lapho kumenywa khona izingane zasezitaladini kanye nalezo ezihlala emakhaya. Ngonyaka odlule ziyishumi izingane zasezitaladini ezithole ithuba lokuthuthukisa ithalente lazo kwezebhola lezinyawo eBrazil. Ezine zithole izikontileka (contracts) nenkampani yomculo u-Gallo Music ukuze zirekhode umculo eziziqambele wona. USechaba wodumo lomculo wokholo ungomunye wazo lezi zingane zasezitaladini owasizwa yilo Mnyango wezeNhlalakahle. Wamsiza ngokumtholela ikontileka yokurekhoda umculo wokholo kule nkampani yakwaGallo.

Kuyaye kujabulise kwesinye isikhathi uma kuzwakala ukuthi kukhona omunye obehlala esitaladini osephumelele empilweni. Abantu abanjengoSechaba kufanele basetshenziswe ukuthi babonise/bakhulume nalezi zingane. Lokhu kungasiza nazo zibone ukuthi noma zihlala ezitaladini kodwa impilo isengabuyela esimweni esejwayelekile. Phela sonke siyazi ukuthi kulula ukukholelwa enkulumweni yomuntu odlule esimweni esifana nesakho.

1.1.1. Ikuphi lapho kutholaka khona izingane ekukhulunywa ngazo kule ndaba? (1)
1.1.2. Hlobo luni lwesidakamizwa oluthandwa ilezi zingane? (1)
1.1.3. Bhala elinye igama lesiZulu elisendabeni elichaza izingane ezihlala esitaladini. (2)
1.1.4. Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esithi: **Ukushaya indiva,** sichaze:
A. Ukushaya ingane.
B. Ukuntshontsha.
C. Ukungalaleli imithetho
D. Ukuvuka ekuseni kakhulu. (2)
1.1.5. Ubani igama lomculi owasizwa uMnyango wezeNhlalakahle? (1)
1.1.6. Chaza ukuthi kungani izingane zamantombazane ezihlala ezitaladini zisebungozini obukhulu okudlula izingane zabafana? (2)
1.1.7. Chaza ukuba kungani lezi zingane zihlezi zincela amabhodlela apulasitiki? (2)
1.1.8. Bala izinto EZINTATHU ezizanywa uMnyango wezeNhlalakahle ukusiza lezi zingane? (3)
1.1.9. Chaza ukuba kungani abantu abahamba ngezimoto bangazithandi lezi zingane? (2)


1.1.10. Phendula uthi YEBO noma CHA bese usekela impendulo yakho.
Lezi zingane ezihlala ezitaladini zalahlwa ngabazali bazo. (2)

1.1.11. Ngokucabanga kwakho ikusasa lalezi zingane lisangalungiseka nazo zibe abantu abangcono kusasa? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.12. Veza izizathu EZIMBILI ezingenza lezi zingane zihlale emugwaqeni? (2)

1.1.13. Le ndatshana ngabe idlulisa muphi umyalezo kuthina njengezakhamuzi zaseNingizimu Afrika? (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.




1.2.1 Zingaki izingane ezifunda ibhuku kulesi sithombe? (1)

1.2.2. Lesi sithombe sithathwe ntambama. Tomula isizathu esisodwa esiveza ukuba lesi sithombe sithathwe ntambama. (1)

1.2.3. Yini esikhombisayo lapha esithombe ukuthi lo muntu obambele esihlathini akasiyo ingane? (2)

1.2.4 Ngabe lo mndeni uphila impilo yesimanje noma yasemandulo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamagama akho ngamaphuzu ayi-7 ngezinto okumele uziqaphe uma ufaka isicelo sethenda.

## IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho kwamagama-60 kuya kwamagama-70.
2. Imisisho yakho mayibe nezinombolo kusukela ku-1 kuya ku-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**IZINTO OKUMELE UZIQAPHE UMA UFAKA ISICELO SETHENDA**

Uhulumeni wakuleli unikeza osomabhizinisi abasafufusa ithuba lomsebenzi ngokubanikeza amathenda eminyangweni eyahlukene. Nakhu okumele ukuqaphe uma ufuna ukufaka isicelo sethenda.

Amathenda ahleze ephuma emaphephandabeni ahlukene masonto wonke. Kubalulekile ukuba uqinisekise ukuba ithenda olibhalelayo lisemthethweni futhi ibhalisiwe inombholo yelayisensi. Kuye kukhishwe uhlu lwezinombolo zabantu ongabathinta ocingweni uma unemibuzo ethintana nethenda.

Uma kukhishwa ithenda kukhishwa uhlu lwemisebenzi edinga ukwenziwa kulelo thenda. Kubalulekile ukuba ukhethe ithenda elizoba nemisebenzi ozokwazi ukuyenza ngesikhathi omiselelwe sona. Loku kuzonikeza ibhizinisi lakho udumo oluhle lokuthembeka ngoba uzowuqeda ngesikhathi umsebenzi.
Akukho lula ukwenza umsebenzi oyithenda likahulumeni. Kubalulekile ukuhambela umhlangano ochaza kabanzi ngethenda ukugwema ukwenza amaphutha.

Uma ufaka isicelo sethenda kubalulekile ukuba ufake izincwadi zezincomo kubantu zabaqashi abedlule. Lezi zincwadi zizokunikeza abahlungela ithenda isiqinisekiso sokuthi unalo ikhono lomsebenzi odingeka njengoba usuke wawenza phambilini.

Iningi labantu abaphumelela ukuthola amathanda bavamise ukuhluleka ukuqeda umsebenzi ngenxa yokushoda kwemali. Kubalulekile ukuba uqaphele ukuthi ubala konke okuzofanele ukukhokhele uma sekufanele ubize imali.

Uma ufaka isicelo sethenda kudingeka ukuba ufake wonke amaphepha abawafunile okuvamise ukuba isitifiketi sentela kanye nesitifiketi se-BBBEEE. Lezi zitifiketi zikubeka ethubeni eligcono kakhulu lokuba uqokwe.Uma ubona ithenda elihambisana nolwazi kanye nesipiliyoni sakho sokusebenza kubalulekile ukuba

| |
|---|
| ubhale phansi usuku kanye nesikhathi okuzogcinwa ngaso ukuthatha izicelo ukuze ugweme ukukholwa bese udlulwa ithuba. |

**[10]**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.




3.1. Yiliphi isu elisetshenziswe umkhangisi egameni lalo mkhiqizo ukuheha abathengi? (2)

3.2. Ngokucabanga kwakho ngabe lifakwe leni ifulegi laseNingizimu Afrika kulesi sikhangisi? (2)

3.3. Bala izifo EZIMBILI lo mkhiqizo okhangisiwe osiza kuzo. (2)

3.4. Tomula umusho esikhangisweni oveza ukuba lo mkhiqizo wenziwe ngamakhambi emvelo. (2)

3.5. Guqula le misho elandelayo ibe enkathithi ezayo:

3.5.1. Uhlanza ingaphakathi lomzimba. (1)

3.5.2. Udlodlobalisa amasosha omzimba (1)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.




[sicashunwe ephephandabeni iSolezwe]

4.1. Ngabe obani laba abakhuluma no-Proverb?Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

4.2. Isiphi isenzo esenziwa ngu-Proverb esiveza ukuba lento okukhulunywa ngayo iyamhlukumeza emoyeni? (2)

4.3. Leli bizo elibhalwe ngokugqamile ngabe lenze msebenzi muni emshweni.

Kubuhlungu ukugangelwa **umfazi.** (2)

4.4. Iyiphi inyanga yabantu besifazane eNingizumi Afrika? (1)

4.5. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Kubuhlungu **ukugangelwa** umfazi.

A. Ukudlalelwa umdlalo.
B. Ukubhalelwa.
C. Ukuphingelwa.
D. Ukushawa (1)

4.7. Guqula lesi senzo esibhalwe ngokugqamile usiyise empambosini yokwenzela bese wakha umusho ngalo.

**Ngicela** ukungandi kakhulu. (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1. Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Kuvamisile ukuthi uma umuntu ebanjwe entsontsha aphike. Ungaze ufunge uthi uyasukelwa. Wena ombonile ugcina ufana nomuntu osenga ezimithiyo. Uzwa ngokukhuluma abe namalimi sengathi udla izambane elishisayo ukuthi usephelile uvalo. Uma uthi uyambuka ufice ubuso obumnyama bhuqe. Ungafunga ukuthi uyasukelwa kanti usedliwa unembeza.

Wena ombonile entshontsha ungagcina usungena ejele asale yena. Phela amasela angamaqili okuqala nawokugcina. Kumele nakanjani iqine ingalo yomthetho uma umuntu entshontshile, ajeze ngalokho. Ukungaqini kwengalo yomthetho kungaholela ekutheni abantu bazithathele umthetho bawubeke ezandleni zabo. Ngaleyo ndlela kugcina sekudaleka amanye amacala angenasidingo.

5.1.1. Hlobo luni lwesakhi esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.
Abantu **ba**zithathela umthetho bawubeke ezandleni zabo. (2)

5.1.2. Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombe ubuningi.

Kuvamisile ukuthi uma umuntu ebanjwe entshontsha aphike. (2)

5.1.3. Yakha umusho usebenzise leli gama elilandelayo liveze umqondo ohlukile kunalona osesiqeshini.

**Izambane** (2)

5.1.4. Khetha impendulo efanele kwezilandeyo:

Ungafunga ukuthi **uyasukelwa** kanti usedliwa unembeza.

Igama elibhalwe ngokugqamile **liyimpambosi**.

A. Yokwenzana
B. Yokwenzela
C. Yokwenziwa
D. Yokwenzisisa (1)

5.1.5. Ngabe leli bizo elibhalwe ngokugqamile lingaphansi kwasiphi isigaba sebizo.
Ungafunga ukuthi uyasukelwa kanti usedliwa **unembeza**. (1)

5.1.6. Guqula leli bizo elibhalwe ngokugqamile ulenze isandiso sendawo.

Ngaleyo ndlela kugcina sekudaleka amanye **amacala** angenasidingo. (2)


5.1.7. Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo.

Kuvamisile ukuthi uma **umuntu** ebanjwe entsontsha aphike. (2)

5.1.8. Tomula igama eliyisibaluli kulo musho olandelayo.

Uma uthi uyambuka ufice ubuso obumnyama bhuqe. (2)

5.2. Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.




5.2.1. Hlobo luni lomuzwa oluqukethwe yilo musho olandelayo
Ngadla mina kababa! (2)

5.2.2. Kulesi siqeshana esingenhla caphuna ibinzana elisho okufanayo nokuthi 'ngehlelwe inhlanhla enkulu'. (1)

5.2.3. Tomula isabizwana kulo musho olandelayo.

Ungathi uyazi ukuthi ngazala abafana bodwa. (1)

5.2.4. Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngezansi.
Abaphansi banami! (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**